

12 July 1901

NEWSPAPER:	<i>Ipepa lo Hlanga</i>
DATE:	12 July 1901
Transcriber's note(s):	No author. Presumed written by Magema Magwaza Fuze.
CONTENTS:	About hygiene routine and disciplinary action for children for children, and the death of Sobantu's horse named 'Jim'. The article informs that Sobantu was talented in music and composed all the hymns in his prayer book, that he was like a prophet and could foresee things before they happened, that he authored books of arithmetic that were used in schools and, that he was kind and sympathetic. On a weekly basis three or four poor white people arrived to him to ask for help and Sobantu gave them coins of money.
CONTENT WARNING:	Nil

Isimilo sika 'Sobantu.

No. III

USobantu wab'e indoda ende enesitunzi, egcwele umusa nokutanda nesihau, ebukeya ngokwobukosi. Yena nenkosikazi babebatanda ngempela abantu babo laba, ikakulu izingane lezi okwabe kuti ngolunye usuku (loku ezinye zazivame ukuba nokwekwe), kusuke yona inkosikazi uqobo, imele abazanyana bazo kanye nabafundisi, bazigeze bese zesulwa iyo uqobo ngemfuduko, and'uba zigcotywe amafuta (Sweet oil).

Ngolunye usuku izingane lezi zakohliswa, kwapekwa amanzi ngebhodwe elikulu, az'afudumala; kwasekutiwake kuzo, "Niyabona-ke bantwana, amanzi lawa afundunyezela ukuba nigezwe ngawo, kona kuza'upucuka isikumba lesi esimnyana kini, beseniba'mhlope nonke njengabelungu." O! kwazitokozisa kakulu ukuzwa loko izingane, zati nezazinyinyipele ngokwesaba ukugezwa zaya'kungena embizeni zipangelana, zitemba ziti, zizakuba'mhlope; kanti loko kwenzelwa ukuba zijabulele ukugezwa, pinde zibe'mhlope.

Inkosi lena yafikela eMgungundhlovu yahlala endhlini yayo enkulu epakati komuzi, kanye nomuzi wayo wonke wabantwana. Yaizinge iyo [iye] nje kodwa Ekukanyeni ngezinye izinsuku, ipelezelwa umngane wayo omkulu u Somtseu ka'Sonzica. Yabe iya Ekukanyeni ikwele ehashini layo elimpofu elalibizwa kutiwa u'Jim,' okwaze kwati nomuntu owayelipata, uMbambo ELINYE uNonjuzela ka Dokotane ka'Nontshebe wakwa'Camu, wabizwa ngalo lelo'gama. Elati-ke lelo'hashi lahlala njalo isikati laza laguga, lapela onke amazinyo, lajijelwa ukudhla; kaloku ligayelwa njengomuntu, lingasakwelwa sel'ondhliwa njengengane, noko kalifanga, kwaze kwati ukugcina ladutshulwa, okwobane laselihluyeka [laselihluleka] kakulu.

Kwabe kuti omunye ku'bufana onile abafundisi babikele inkosi, ifike qede abizwe lowo'mfana, at'ubaye pambi kwenkosi, imbuke emehlweni imjamele ib'is'imkulumisa; po-ke, loku [amehlo] ka'Sobantu [amane?] ab'esabeka kangaka! umfana lowo afe njo uvalo, azikalele engakatyaywa na'kutshaywa; mhlaumbe amtetelele, kumbe itate isandhla sake imtshaye kuso ngesayo; ib'is'iti kavume ukuti wonile, ati ovumileyo ib'is'ityala imtetelela.

Wabe igagu e[li]kulu lokuhlabelela; onke amagama okuhlabelela asencwadini yake yokukuleka aqanjwa nguye uqobo lwake. Lawo'magama kambe ngepimbo elihle kakulu, nakuba namhlanje abantu sebeloku bewapendupendula, bewona. Wab'ezama nokubetha ngogubhu leli elakwa'Zulu eliti: "Zikude ukusuk'isaNgqu, kusuk'intaba ka'Zulu," kodwa lamahlula, ukuze ahluleke yena wansondo.

Kuye kwakukona loku okus'ezangomeni uma kungaba izangoma zamaqiniso kambe kwokwaziselela into noma indaba etile eyakwehla ngezinsuku eziyakuvela, ngezikati ezizayo, esekona kumbe engaseko. Kungaloko-ke ziningi indaba, noma izinto, ezabe zikulunywe ng'uSobantu esekona, okuyikona zenzekayo namhlanje, ezinye ezingakaqamuki, okwazeka kahle ukuti kwotula kutule zizezihlaluke. Ikanda lake labe linjalo, lalinokwazi okunjalo kwabaprofeti. Loko kumbe kungavunya yibo bonke abamaziyo, ukuti wabe isazi ey'inyanga ezintweni ezitile eziningi.

Yiloku futi okwazisa izwe lonke ukuti ubucopo buka Sobantu babuvutiwe busile bunokwazi okupakeme kakulu. Imvamo yezibalo ezifundisa izingane ezikoleni ezipakati kwomhlaba, namhlanje ngezake; lezo'zibalo kambe zabe ziqanjwa nguye uqobo lwake, zipuma ebucotsheni bake.

USobantu kwakungesiya[e] umuntu wolaka, wab'engowesihau egcwele kakulu ukutanda abantu bonke, enomusa ongesiwo wokuzenzisa. Kwakuba katatu kumbe kane ngesonto lilinye abelungu abampofu befika njalo bezocela besebepiwa izinhlamvu ezitile zemali. Wab'ekwenza konke loko ngenhliziyo yomusa neyokutanda engakwenzi ngokunyinyeka.

LEGEND:

[?] incomplete, illegible word(s)

[] notes and words by transcriber

TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.

Student, MA in Historical Studies, UCT.